

Inkulumo yoMphostoli wesiFunda ngomabonakude i- NACTV, ngomhla-ka 07 June 2020

Isingeniso

Lesisimemezelo sinika ulwazi kumalunga ethu aseNingizimu yeAfrika, Lesotho, Botswana, eSwatini kanye nase Namibia.

Okokuqala, ngithanda ukubonga zonke izisebenzi ezingamaviyo angaphambili ukulwisana nalolubhubhane lwesifo kanye nalabo abenze sikwazi ukwamukela isikhathi sokuvallelwa kwethu emakhaya. Ngiyabonga kuzozonke izakhamuzi ezithobela umthetho kanye nokufaka izisitha-buso, ukugeza izandla njalo kanye nokugcina ibanga elibuqamamana emphakathini. Leligciwane lisayohlala nathi. Masifunde ukuphila naleligciwane.

Siyaqhubeka nokukhulekela ukuba litholakale ngokushesha ikhambi. Kuze kube yilesosikhathi, ukuvikela ukubhebhethaka kwegciwane kuyimpendula esiyicelayo. Uma ngamunye wethu sikwenza lokhu, siyophila ngcono sonke.

Igama lokubonga

Ngithanda ukuzwakalisa ngokukhethekile ngokuthi NGIYABONGA kubo bonke abanakekela labo abaswele. Kulesisikhathi, ukusekelwa ngengqondo nangenhliziyo enozwelo kubaluleke njengokunika umzimba wemvelo ukudla. Abanangi banomzwangedwa, abanangi abanako ukusekwa ngenhliziyo enozwelo kuyilapho kumele babhekane nokucindezeleka kwalolubhubhane lwesifo kanti kuyalapho nomphakathi ubakhiphe inyumbazane.

Ngiyabonga kubazali, koThisha besikole sangeSonto kanye nezinceku bonke abenza okusemandleni abo ukunikezela kubantwana bethu ngezinsiza zokufunda kulomklamo wokufundela emakhaya. Ngokokuqala lezizinsiza zokufundisa ziyatholakala ngazozonke izilimi ezisetshenziswa ebandleni lethu.

Ulusha luyaqhubeka nokubamba iqhaza elibalulekile kanye nokusekelana kulesi sikhathi.

Abaholi bomculo nabo baqhubekile ukugcina abaculi bematasatasa ngomculo kulesisikhathi. Banikeza injabulo kubobonke.

Siyababonga bonke abalingani bethu bezomoya wokusakaza abasivumele ukusakaza izinkozo zethu eziNgcwele. Kunoma yiluphi lwalezinsuku zangeSonto, sifinyelela kumakhulu ezinkulungwane wabalaleli nge Intanethi, ngenkanyezi enkulu, ngeziteshi zemisakazo, kanye nangokusakaza ngocingo.

Ngiyabonga kakhulu kubasebenzi behovisi lokuphatha ibandla abaye bahlelisa amakhaya abo ukuba yindawo yabo entsha yokusebenzela. Ngiyabonga ngokufanayo nasemindenini yabo, ngalendlela entsha yokusebenza lapho sisabhekeni nalesisikhathi esiyingozi ngekhrona. Ngiyacabanga ukuthi sonke sisebenza kanzinyana kulesisikhathi ...Sisesigabeni sokuphelilisa ukucwaningwa konyaka kwamabhuku yinkampani yocwaningo-mabhuku iDeloitte futhi lona unyaka wokuqala ukuba locwaningo luqhutshwe ngendlela yokuxhumana ngezomoya wokusakaza. Ngiyababonga bonke labo okudingeke ukuba basebenze ngokuzinikela isikhathi esilulekile.

Ukuqala ukubuyela eziNkonzweni eziNgcwele

Sonke sinolwazi mayelana nesimemezelo sikaMongameli waseNingizimu yeAfrika ukuba izinhlangano zamabandla enkolo zivunyelwe ukuhlangana ezinkonzweni zebandla kusukela ngomhla-ka 1 June 2020 ngaphansi kwemibandela ethile. Lemibandela ifaka phakathi lokhu okulandelayo:

- abahlanganyeli abangeqi ku-50 wabantu.
- ukuhlolwa kwezinga lokushisa komuntu kuleyo naleyo nkonzo.
- uhlu lwemibuzo ozobuzwa yona ngesimo sempilo lapho uzongena endlini yokukhonza.
- indlela okufanele ilandelwe yokukhuqulula kwamalunga kanye nezinsiza.
- ukufakwa kwezisitha-buso.
- akuvunyelwe ukucula ngamaqembu.
- akuvunyelwe ukubambana kanye nokubekwa izandla.
- ukulawula isimo esinengozi uma kunokwenzeka.

Ngemuva kwezingxoxo ezibanzi, siqume ukuthi ukubuyela ezinkonzweni eziNgcwele kuyinto okumele sibhekane nayo ngokuqophelela okukhulu.

Kufanele siqaphele ukuba singachithi yonke imihlatshelo emihle eyenziwe ngabangingi kuze kube yilesikhathi samanje. Izinkomba zezempilo okwamanje zikhomba amazinga anyukayo wokuthelelana ngaleligciwane kanye namazinga okufa. Izindawo zokuhlala lapho kunamalunga ethu amaningi ngokuminyana aphinde aba yizindawo lapho ezinezibalo eziphezulu ze-COVID-19.

Lapho sesinikeziwe okubalwe ngenhla, ngingume ngingabaPhostoli kanye naboBhishopi ukuthi kasinobuyela ezinkonzweni zebandla phakathi kukaNhlangulana no Ntulikazi 2020. Lesisinqumo asisho ukuthi sesiyobuyela ngenyanga ka Ncwaba. Sizobukisisa isimo bese siyaniluleka.

Sizosebenzisa lesisikhathi ukulungisa izindlu zamasonto ethu kanye nokucecesha izinceku zethu ukuze sikwazi ukuhambisana nazo ZONKE izimiso zomthetho.

Izinkonzo zemingcwabo

Yonke lemithetho engenhla emaqondana nezinkonzo iphinde isebenze nasezinkonzweni zemingcwabo. Lapha ngizothanda ukuncoma ukuthi uma kunokwenzeka kumenywe inani eliphansi. U-50 akuwona umgomo kepha yinani elinqunyiwe eliphelele. Ezinsukwini ezedlule ezimbalwa, sibe nezehlakalo zamalunga ahambele izinkozo zemingcwabo kanti banegciwane le COVID-19. Lokhu kudale ubunzima obukhulu kwabanye ababehambe lemingcwabo, ibandla kudingeke lilandele imikhondo yabantu kanye neyokukhuqulula futhi izikhulu zezempilo nazo zisesigabeni sokulandela imikhondo yabobonke labo ababehambe lezizinkonzo zemingcwabo ukubhekana nokuvimbela ukubhebhetheka kwesifo. Kulezehlakalo ezibalwe ngenhla lawo malunga wayengakhombisi lutho lwezimpawu zokugula. Kulesi sikhathi, zonke izinkonzo zemingcwabo zivunyelwe ukuba zisakazwe ngezomoya bukhoma - niyacelwa ukuba nilusebenzise loluhlelo.

Lapho ngisakhuluma ngezinkonzo zemingcwabo; niyakhunjuzwa ngokuvuselelwa komasingcwabane okwenzeka kanye ngonyaka okugcina ekupheleni kwenyanga, 30 kuNhlangulana 2020.

Yini eningayilindela kulesikhathi esikuso na?

1. Siqhubeka nokusakaza ngomoya izinkonzo zethu eziNgcwele kusukela eKapa kanye nase Goli njengoba besenza kusukela kwaqala ukuvalelwa kwethu emakhaya. Sizonabisa izilimi ukuze sonke sibe nethuba lokuzwa izwi likaNkulunkulu ngolimi lasekhaya. Okwamanje, kusenamalunga esingakwazi ukufinyelela kuwo ngemiganga yokusakaza ngomoya esiyisebenzisayo. Sizosebenzisa lesisikhathi ukuphenya zonke izindlela zokusakaza ukuqinisekisa ukuthi akekho oshiywa ngaphandle. Siyazikhandla ngokuqinisekisa ukuthi onke amalunga ayasithola isifingqo sezinkonzo eziNgcwele kulesisikhathi. Lapha ngithanda ukunikhumbuza ukuba nivuselele ama-email address kanye nezinombolo zocingo zenu ukuze nizothola konke ukukhulumisana ngezincwadi ezivela ehovisini lebandla.

Njengoba kumenyezwe esikhathini esedlule, sisungule ikomiti kazwe-lonke enikezwe umsebenzi wokululeka ngayoyonke imidanti yokubuyela kwethu emisebenzini yebandla. Basebenze ngenkuthalo emavikini edlule futhi babika njalo ngeviki emihlanganweni kubaPhostoli naboBhishopi. Imidanti yezinyathelo ezidengekile zalelo nalelo bandla ehambisana nokucecehwa kwezinceku zethu iyokwabelwa abaPhathi-bandla lenu.

2. Esinye isinqumo esimemezwe sikaMongameli ngesimayelana nobizo lwezinceku zebandla ezithathwa njengezisebenzi zemisebenzi efunekayo nebalulekile. Sisamukele lesisinqumo nesimemezelo. Lesisinqumo nesimemezelo noko sisebenza kuphela eNingizimu yeAfrika.

Mayelana ne - New Apostolic Church South Africa, zonke izinceku ezisagunyazisiwe zithathwa njengezisebenzi zomsebenzi ofunekayo nobalulekile. Lokhu akusho ukuthi ukuvakashela emakhaya kwezinceku mayelana nokunakekela imiphefumulo (SCV) sekumele vele kwenziwe kusukela kumenyezwe ngesinqumo. Uma kunesidingo sokomoya esiphuthumayo esingeke sixazululwe noma ngayiphi indlela lapho kungeke kube khona ukubambana, lokhu-ke kwenza ukuba inceku yobuPristi ikwazi ukuthintana namalunga ayo.

Imibandela eqondene nebandla iyoba ngesebenzayo kwinceku yobuPristi, okufaka phakathi ukuzikhuqulula, ukufaka isisitha-buso kanye nokgcina ibanga elibuqamamana emphakathini.

AmaSakramente neziBusiso

UMbhaphathizo oNgcwele – awukavunyelwa ekhaya noma ebandleni futhi uzokwenziwa uma umthetho usivumela.

UGcobo lukaMoya oNgcwele – awukavunyelwa ekhaya noma ebandleni futhi uzokwenziwa uma umthetho usivumela.

Isidlo seNkosi esiNgcwele – Njengoba kunesimo esinobungozi kakhulu mayelana nokuthelelana ngegciwane le COVID-19, asingeke sikwazi ukugubha umkhosi weSidlo seNkosi esiNgcwele kulesisikhathi.

Sonke silangazelele ukugubha umkhosi seSidlo seNkosi esiNgcwele. Kulabo abalindele ukubhaphathizwa kwabanwana babo noGcobo lukaMoya oNgcwele, ngithanda ukuniduduzana ngesiqinisekiso sokuthi uNkulunkulu wethu uyasazi isimo sethu esibukene naso. Umusa waKhe nothando lukaJesu luyosemboza.

Izenzo zesibusiso

Izibusiso zemishado, ukugujwa kwezikhumbuzo zomkhosi wemishado, izibusiso zokukhulelwa kanye nazo zonke izenzo zobunceku azikavunyelwa kulesisikhathi.

Labo abafisa ukuphelelisa imishado yabo ngokusemthethweni, bangakwenza lokho emakhaya noma ebandleni ngokuxhumana noMshadisi oseduzane. ENingizimu ye Afrika, umbandela onqunyiwe wabantu abangedluli kwabangu – 5 (uMshadisi, ababili abashadayo kanye nabofakazi ababili).

3. IMinikelo

Ngithanda ukusebenzisa lelithuba ukubonga bonke labo abaqhubekayo nokunikela ngokwethembeka ngaphansi kwezimo ezinzima.

Siyabona kwabaningi bamalunga ethu ukuthi ukunikela ngemali ephathwayo akukhonakali. Abanye bakwazile ukushintshela ekunikeleni ngemishini-gesi. Ngithanda ukunikhumbuza futhi,

ukuthi lena yiyona ndlela enconywa yibandla njengoba isusa ubungozi bobungavikeleki nokuthwala nokusebenzisa imali ephathekayo.

Ukuphendula amalunga ethu ayothanda ukuletha iminikelo yabo kodwa bengakwazi ukukwenza ngomshini-gesi, ngiyathokoza ukuba nginiluleke ukuthi senze isivumelwano no “Easy Pay”. Sekuyenzeka ukuba amalunga akwazi ukufaka iminikelo yabo kuzikhungo ezidlula ku 9,500 ezweni lonke jikelele eNingizimu ye Afrika.

UMphathi-bandla wenu kanye nabaPristi bazothola ukwaziswa kabanzi ngokuthi niyozisebenzisa kanjani lezikhungo. Kalula-nje, ungafaka umnikelo wakho kwisikhungo sezitolo eNingizimu ye Afrika (loluhlelo ngeshwa alutholakali eBotswana, eSwatini, Lesotho, Mozambique, nase Namibia). Ngiyabona ukuthi lokhu kuwushintsho olukhulu kakhulu kithina. Sisabambebele emfundisweni yokuthi iminikelo yethu ingumkhiqizo wokubonga kwethu uNkulunkulu; futhi kungukuzwakalisa ukholo lwethu nokuthembela kuYe. Kulabo abanokufinyelela kubhange yomshini-gesi okunomkhawulo, loluhlelo siyalutusa njengoba ukusebenzisa imali ephathekayo kuphinde kube nobungozi ngokudluliselana iCOVID-19.

Kulabo abazithola besesimweni esingesihle lapho bangakhoni ukuletha iminikelo yabo noma bengasakhoni ukunikela ngenxa yezizathu ezithile, ngifuna ukususa nomayimuphi umuzwa wecala ongahle ubenawo. Ngiyacela ukuba wazi ukuthi siyasikhulekela nsuku zonke isimo okuso ukuba sibengcono.

INkosi iyayazi inhliziyo yakho futhi isandla saYo asifinyeziwe ukuba sikubusise.

4. Izimali zeBandla

Ibandla lithola ingeniso yalo eqhamuka eminikelweni yokuthembeka kwabantu bakaNkulunkulu. Kuyiqiniso ukuthi ingeniso yebandla yehle ngesibalo esikhulu kulezinyanga ezimbalwa ezedlule.

Ngiyafakaza ukuthi siye sehlisa zonke izindleko zethu zokusebenza lokhu umphumela wakho ukuba bonke abasebenzi benze umhlatshelo ngamaholo kanye nezinzuzo zabo.

5. Izimemezelo

Inkonzo yeNhloko yabaPhostoli – ngomhla-ka 14 kuNhlangulana ngo 09h00, kusukela eStrasbourg ihlelelwe iZambia – iyobe ibanjwe ngolimi lwesiNgisi.

Ngomhla-ka 21 kuNhlangulana 2020, umPhostoli Nene uzobamba inkonzo eSilvertown. Lenkonzo iyobe ibanjwe ngolimi lwesiXhosa ihumushwa ngesiNgisi.

Ngomhla-ka 28 kuNhlangulana 2020, umPhostoli Swartboo uzobamba inkonzo eSandton. Lenkonzo iyobe ibanjwe ngolimi lweAfrikaans ihumushwa ngesiNgisi.

Ngizonikhonza ngomhla-ka 5 kuNtulikazi 2020. Ngemuva kwalenankonzo ngizonazisa ngezinhlelo zethu nokubuyela ezinkonzweni zebandla.